**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNU MXOLISI KAUNDA EMCIMBINI WOKWETHULA UHLELO LOMGWAQO U-P706 ENKANDLA MHLAKA 27 JULY 2016.**

- Mphathi wohlelo;
- Inkosi yaKwaMagwaza;
- Amakhosi aseNdlunkulu wonke akhona;
- IMeya yoMkhandlu waseNkandla uKhansela uNtuli namaKhansela wonke akhona;
- IziNduna zamaKhosi;
- Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha;
- Ubuholi bezinhlaka zomphakathi ngokwehlukana kwazo – kuhlanganisa nobuholi bamaqembu epolitiki abakhona;
- Abasebenzi beminyango kaHulumeni ngokwehlukana abakhona;
- Umphakathi wonke okuyiwona esingawo lapha;

Ngiyanibingelela.

Mphathi wohlelo ngisukuma nokujabula nje ukuthi emsebenzini wami wezinsuku ezilikhulu zokuqala ngingene njengoMphathiswa wezokuThutha KwaZulu-Natal, ngithole ithuba lokuzohlangana nomphakathi walapha eNkandla ngizohalalisa ngentuthuko abantu balapha abangasayizwa ngendaba kodwa asebeyibona ngamehlo.

Indawo yaseNkandla iyindawo esaziyo ukuthi ihlale ibhekwe kakhulu, wonke umuntu afisayo ukuzihlanganisa nayo ngezizathu ezahlukene.

Abanye bahlale beyibhekile iNkandla ngoba iyikhaya likaMongameli wezwe. Amaqembu epolitiki nawo ahlale eyiconsela amathe ukuthi abe semandleni kumasipala wakhona.

Kodwa thina kulo Hulumeni wesifundazwe nakuyona i-ANC okuyiyona esithume ukuba sisebenzele abantu, indawo yaseNkandla siyithanda ngoba ingenye yezindawo esikwazi ukuzibona ngayo ukuthi mungakanani umehluko esesiwenzile negebe elisasele ekushintsheni izimpilo zabantu zibe ngcono.

Lokhu ngikusho ngoba phela uHulumeni kaKhongolose yiwona okwathi ngonyaka ka-2005 wayimemezela iNkandla njengedinga ukubekwa eqhulwini, njengoba kwakuvelile ukuthi ingenye yezindawo ezisasalele emuva kakhulu ngentuthuko yengqalasizinda, nezikhungethwe ububha nokuntuleka kwemisebenzi ezweni lonke.

Siyazi-ke futhi ukuthi ngokwamaKhosi iNkandla iyisifunda esinamaKhosi amaningi nomhlaba omkhulu kakhulu lapha esifundazweni. Lokhu kusho ukuthi uma siletha intuthuko eNkandla sisuke senza umehluko engxenyeni enkulu impela yesifundazwe.

Uma-ke embikweni wami engizowunika uNdunankulu ngalokho engikwenzile ezinsukwini zokuqala ezilikhulu ngizobala nokuza lapha eNkandla, kungijabulisa kakhulu lokho.

Ukuchaza kanjena ngeNkandla kuyasiza futhi ngoba siyazi ukuthi kukhona abanye kwezinye izindawo ababona ukuthi sigelezisa intuthuko eNkandla ngoba kuyindawo okuqhamuka kuyona uMongameli wezwe futhi onguMongameli we-ANC.
Kodwa futhi nakhona lapha eNkandla, kukhona abathanda ukubheka ukuthi siya kuyiphi ingxenye yeNkandla, kuthi uma siya engxenyeni engakaMongameli, kube sengathi yingoba senzela yena uMongameli kakhulukazi.

Yize futhi singeke sizisole, (sibe apologetic), ngokuqinisekisa ukuthi indawo okuqhamuka kuyona uMongameli iba nesithunzi esifanele, kodwa ngenkathi ibekwa eqhulwini ngo-2005 iNkandla, kwakusaphethe uMongameli uMbeki ngaleso sikhathi.

Phela uMsholozi wathatha njengoMongameli kaKhongolose ngo-2007, wase ethatha njengoMongameli wezwe ngo-2009.

Kodwa futhi naye-ke ngenkathi engena njengoMongameli wezwe ngo-2009, njengendoda esiqonda kahle isimo abantu basemakhaya abaphila ngaphansi kwaso, uMsholozi waphinda wafaka umfutho wayalela ukuba iminyango kahulumeni iphume iye emakhaya iyoqinisekisa ukuthi intuthuko iyaphuthunyiswa kubantu akade bayilangazelela.

Yingakho namhlanje sithi ngabe umuntu olele kuphela ongathi akaliboni manje igalelo lalo Hulumeni oholwa nguKhongolose ekushintsheni izimpilo zabantu baKwaZulu-Natal zibe ngcono.

Phela kukhona abantu, ezithi zenzeka izinto phambi kwabo kodwa kube sengathi bavale amehlo nje. Yibo labo esithi namhlanje nakuba singeke sibasole ngalokho ngoba basebenzisa ilungelo labo, kodwa siyabafisela ukuthi sengathi bangakubona ukukhanya ngelinye ilanga.

Siyabafisela ukuthi nabo bafane nabantu abaningi emiphakathini yalesi fundazwe abathi nakuba kusekuningi okusamele kwenziwe, kodwa babonga bangaphezi ngokuthi isifundazwe siyaqhubeka nokuba noHulumeni okwazi ukuphendula ezidingweni zabantu.

Siyabonga-ke nokho ukuthi ngaphezulu kokuthunywa nguMongameli ukuba siye ezindaweni zasemakhaya, inhlangano ebusayo kaKhongolose iqhamuke nohlelo lokuthuthukisa isizwe, esithi iNational Development Plan (NDP), ukuthuthukiswa kwengqalasizinda okungenye yezinto ezihamba phambili kulona.

Lolu hlelo nalo lusekeleke kuMthethosisekelo nomgomo wentando yabantu kulelizwe lapho kugcizelelwa khona ukuthi isisekelo sentuthuko ngukuba abantu babe nomgwaqo, amanzi nogesi.

Uma unalezi zinto zontathu usuke usunalezi zinto esithi zi-basic empilweni, yizona ezikuvulela indlela yokwenza noma yini engakuthuthukisa kwezomnotho nenhlalakahle jikelele.

Siyazi ukuthi kuningi okwenziwa abantu basemakhaya ukuziphilisa ngaphandle kokuthi kube nezimboni ezinkulu njengoba kunjalo lapha eNkandla. Kodwa njengoHulumeni kumele sakhe isimo lapho umuntu ezokwazi ukuzithuthukisa kulokho akwenzayo lapho ekhona.

Ngakho-ke namhlanje sithe masizofezekisa isibophezelo esenziwa nguNdunankulu uMacingwane ngenkathi evula ibhuloho lomfula iNsuze ngo-October wonyaka odlule, lapho athembisa ukuthi umgwaqo uP706 elikuwona lelo bhriji nawo uzofakwa itiyela.

Sesilihlabile-ke isoyi elisho ukuthi sesishiya inkontileka esizoqala umsebenzi kusuka manje. Lo mgwaqo-ke ngenxa yobude bawo, njengoba usuka kuP15 ngaKwaNxamalala uze uyoxhuma kuP16, nawo esiqhubekayo nokuwufaka itiyela njengamanje phezulu eJameson’s Drift, sihlele ukuthi sizowakha iminyaka elishumi. Imali esiyitshale khona ingu-R418 million.

Njengenjwayelo futhi kuyasijabulisa ukuthi kunamathuba emisebenzi avelayo njalo kubantu bendawo ngenkathi kuqhubeka le misebenzi yokwakha. Lapha nje abalelwa ngaphezululu kuka-200 amathuba esibheke ukuthi avele kubantu bendawo, okuhlanganisa nabantu besifazane nentsha.

Siyazi ukuthi la mathuba esikhuluma ngawo kuba ngawesikhashana ngenkathi kwakhiwa, kodwa yiwona futhi asesize abantu abaningi ngamakhono agcina esebasiza uma sebefuna imisebenzi kwezinye izindawo.

Kanjalo nosonkontileka abancane bagcina sebenomlando abawuvezayo ngezinkampani zabo uma befuna eminye imisebenzi. Lapha nje sibeke ingxenye engu-30% wethenda ukuba unikwe osonkontileka abasafufusa. Kukhona:

- abangu-33 ku-Grade 1;
- abangu-19 ku-Grade 2;
- abangu-12 ku-Grade 3;
- abayisithupha ku-Grade 4;
- abathathu ku-Grade 5;
- noyedwa ku-Grade 6.

Siyajabula futhi ukuthi kukhona nama-learneship ngaphansi kohlelo lweNational Youth Service (NYS) azolekelela abafundayo ukuba baqede u-NQF Level 3 (iNational Certificate Road Work Construction). Bangu-15 abafundi abazohlomula ngoqeqesho lapha.

Ngempela asimile siyaqhuba!

Sifisa ukubongela yonke imiphakathi esebenzisa lo mgwaqo esizosizakala, okungowaKwaMagwaza, iKwaNxamalala, eManyane eJameson's Drift kuze kushaye naseKranskop. Sekuzoba lula nokufinyelela ezikhungweni zomphakathi okuhlanganisa iNxamalala Clinic, Mthungweni Clinic nesibhedlela oKhombe

Masikugcizelele futhi ukuthi lena ngenye yezindlela zokukhuthaza ezokuvakasha njengoba sazi ukuthi umnotho wasemakhaya awusancikile kwezolimo kuphela, kodwa nemboni yezokuvakasha isinamathuba amahle kakhulu lapha.

Indawo yaseNkandla inothile nangomlando othinta umzabalazo wokulwela izwe ngisho nangaphambi kokuba kusungulwe umbutho wabantu i-ANC.

Siyazi ukuthi njengoba isifunda uThungulu sesibizwa ngeNkosi uCetshwayo, lokho kuhambisana nokuthi yona iNkosi enomlando omkhulu emhlabeni jikelele itshalwe khona lapha eNkandla. Yikho konke lokho esithi kwenza amathuba ezokuvakasha, ngakho-ke nemigwaqo kumele ilungele lokho.

Njengoba ngike ngasho ukuthi uKhongolose wakhe uhlelo lwe-NDP ukuze intuthuko ize ngendlela ehlelekile, nathi njengoMnyango sisebenza ngendlela ehlelekile.

Lo msebenzi esiwethula ngokomthetho namhlanje ulandela amanye amaningi esiwaqedile lapha eNkandla nasoThungulu kule minyaka edlule.

Phakathi kwawo singabala nje:

- U-P15 engike ngakhuluma ngawo odlula KwaNxamalala usuka eKranskop esiwakhe ngo-R313 million;
- U-P50 onqamula ehlathini laseNkandla esiwakhe ngo-R308.4 million;
- Ibhuloho lezinyawo Ekulangazeni emfuleni iNsuze ngo-R3.5 million;
- Ibhuloho lezinyawo emfuleni iMposa ngo-R1 million;
- Ibhuloho lezimoto emfuleni iNsuze eMkhabeleni ngo-R5 million;
- Ibhuloho lezimoto emfuleni iNsuze futhi ku-P90 phakathi kweNkandla naseQhudeni esilakhe ngo-R15 million;

Maningi futhi ama-project esiqhubekayo nokuwakha lapha eNkandla njengoba sikhuluma namhlanje esingabala kuwona:

- U-P16 osuka eKranskop uye eNquthu udlula lapha eNkandla esifake kuwona u-R2.67 billion. Lo mgwaqo mude kakhulu, okusho ukuthi uzothatha isikhashana eside impela esingaphezulu kweminyaka eyishumi ukuba uphothulwe;

- Ibhuloho emfuleni uThukela eTulwane esilakha ngo-R60 million. Lapha umsebenzi usuyaqhubeka futhi njengoba kuke kwadingeka siyimise inkontileka ebisebenza phambilini ngenxa yokungabonakali kwenqubekela phambili emsebenzini wayo;
- Ibhuloho lezinyawo emfuleni iMadiyana elingu-R1.69 million.
- U-P90 phakathi kweNkandla naseQhudeni esizowakha ngo-R168 million;

Uma sibheka isifunda sasoThungulu sonke nje, imali esiyihlelele imisebenzi emikhulu yengqalasizinda kulo nyaka ozayo ingu-R780 million kule minyaka emithathu yezimali.

Ngiyafisa futhi ukubonga ukusebenzisana esilokhu sinako nobuholi balapha eNkandla enhlanganweni kaKhongolose – abafowethu laba, abanye abangamakhansela, abalali besibelesela ngezinselelo ezibhekene nabantu baseNkandla.

Siyayibongela imiphakathi ekhetha amakhansela ayizishabasheki zentuthuko kanjena. Kuyacaca ukuthi uma uKhongolose esakhiqiza abaholi bomphakathi abanjena kusho

ukuthi abantu bakithi basazothola izinto ezinkulu zokwenza izimpilo zabo zibe ngcono. Iyakhanya indlela eya phambili.

Ngaphambi kokuba ngiphethe, ngithanda ukunxusa sonke esilapha ukuba siqaphele kakhulu ukuphepha emgwaqeni. Uma nenza imicimbi edinga nihambe ngezimoto, qinisekisani ukuthi nihamba ngezimoto ezisemthethweni, eziphilile, futhi nabashayeli babe sesimweni esifanele.

Njengoba siletha imigwaqo yetiyela nje ezindaweni zasemakhaya njengalapha, siyajabula impela kodwa ayikho futhi into esiphatha kabi njengokuthi nina futhi mphakathi ningabe nisayithokozela leyo ntuthuko ngenxa yokuthi imigwaqo emihle isiphenduke isigodi sokufa.

Ngakho-ke yizona zonke lezi zinto esithi kumele sikhulume ngazo ukuze abantu baphephe emgwaqeni. Njengoba size ngobuhle nje lapha, sicela ukuphinda sibuye ngabo futhi ubuhle, hhayi ukuzongcwaba abantu abafele emgwaqeni.

Hhayike, uma ngingena kulolu daba olusematheni kulezinsuku, nami ngiyasho ngithi isiyobanjwa ngesithele nayo ngoLwesithathu oluzayo mahlaka 3 August. Kuningi osekukhulunyiwe, abantu bakithi bezwile futhi babona, ngakho-ke sekukubona ukunquma ukuthi bakhetha bani ukuba abasebenzele enze izimpilo zabo zibe ngcono kule minyaka emihlanu ezayo.

Kodwa mina egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal oholwa nguNdunankulu uMhlonishwa uWillies Mchunu, ngiyaninxusa ukuba niphume ngobuningi niyosebenzisa ilungelo lenu nivote kahle nangobuhlakani.

Siyazi ukuthi indawo yaseNkandla ingenye yalezo ukuncintisana kwamaqembu okusezingeni eliphezulu njengoba abavoti bakhona besahluleka ukucacisa udede ukuthi bafuna uMkhandlu uphathwe ngubani ngokugcwele.

Sigcina ngokuthi sonke masihloniphe umthethosisekelo nentando yeningi kungabikhona ukusabisana. Sithi njengomphakathi nezinhlaka zonke zomphakathi, masisukume silwe nobugebengu nezidakamizwa ezilimaza intsha nesizwe sethu.

Uma uKhongolose ethi ngalabo hulumeni basekhaya siqinisa amandla emiphakathi, usho ukuthi ngempela amandla akithina njengomphakathi ukushintsha izimpilo zethu, ngokusebenzisana noHulumeni.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

**Ngiyabonga**